



**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA  
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ BHEKI CELE  
EMCIMBINI WOKUVULA UMGWAQO KWANXAMALALA MSINGA MHLAKA  
18 OCTOBER 2007.**

**Nginyanibingelela nonke.**

- Uhulumeni wethu uthatha ukwakhiwa kwemigwaqo njengomgogodla ekwakhiweni komnotho nokulethwa kwentuthuko. Akungabazeki-ke ukuthi isiFunda saseMzinyathi sihlomula kakhulu kulokhu.
- Kunezigidi zamarandi ezitshalwa kulesi Funda ngokulethwa kwengqalasizinda ezothuthukisa ezomnotho, ixhumanise umphakathi nezikhungo zosizo, iqinisekise nokuthi impilo yemiphakathi yasemakhaya iba ngengcono.
- Sifake imali emisebenzini yokugcina imigwaqo isesimweni, ekwakhiweni kwengqalasizinda yomgwaqo, ezinhlelweni zokulwa nobubha nasekufukuleni imiphakathi jikelele. Kunemisebenzi eyisipesheli esiyenzayo ehlanganisa iDicky Bridge, iSphongweni Road, uNxamalala Road, uNyonini Road, iZingulubeni Road, iMbalane Bridge, uP549 neNhlesi Road.

- Kuyajabulisa ukuthi namhlanje kuqopheka umlando ezimpilweni zabantu baseMsinga, njengoba sivula ngokomthetho iNxamalala Express ezokwenza lula ukuthi imiphakathi ifinyelele ezikhungweni ezahlukene, kuhlanganisa izikole, imitholampilo nokunye.
- Lo mgwaqo ongamakhilomitha angu-8 ubude wakhiwe ngesamba sika-R4.2 million ukuze uxhumanise umgwaqo iNkobongweni noD1267 nendawo yaKwaNxamalala. Uphinda uxhumanise umphakathi waseFabeni KwaNxamalala.
- UMsinga ungenye yezindawo esifundazweni ezihlonzwe njengezidinga kakhulu izidingongqangi ngenxa yezinga lobubha nokuntuleka kwemisebenzi. Yingakho kubalulekile ukuthi kudidiyelwe izinhlelo zeminyango ehlukene ukuze kuphuthumiswe ukulethwa kwezidingongqangi kule ndawo.
- Bambalwa, uma bekhona emlandweni, ohulumeni abake bakwazi ukubhekana nezinsalelo ezahlukene njengoba senza eNingizimu Afrika. Ukungenisa kobukoloni nobandlululo kuleli kwashiya imiphakathi inhlakanhlaka ingakwazi ngisho ukwenzani eya phambili.
- Imiphakathi yasemakhaya, ikakhulukazi, ibibhekene nesimo esibucayi kwezomnotho nakuba inamathuba amahle kwezolimo nakwezokuvakasha. Ngakho-ke, ngenkathi kungena uhulumeni wentando yeningi ngo-1994, inselelo esibhekane nayo akubanga nje ukulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kudingeke sibhekane nezinsalelo ezilethwa ubugebengu, ingculazi nobubha. Yingakho sibe sesizibekela umgomo wokuthi senze impilo engcono kubantu bonke.

- Imigwaqo esesimweni esihle ibaluleke kakhulu ekwakhiweni kabusha kwemiphakathi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya njengaseMsinga ngoba lokhu ekugcineni kwenza abantu babe nokuthula, intando yeningi nentuthuko, okuyizinto ezisemqoka ekwenzeni impilo engcono kubantu bonke.
- Kuhlale kungumgomo wami ukuthi uma ngisenguNgqongqoshe walo Mnyango, ngizohlale ngivikela ababuthaka ngilethe imigwaqo ezindaweni zasemakhaya ngakhe namabhuloho azoxhumanisa imiphakathi nezikhungo zosizo.
- Yingakho kuyintokozo ukuthi namhlanje sethula umkhankaso wethu ka 'Operation Kushunquthuli'. Kulo mkhankaso siqinisa ukuzibophezela kwethu ekuletheni ithemba emiphakathini edinga kakhulu ukuze nayo ikwazi ukujabulela impilo engcono kubantu bonke. Siguqula izimpilo zabantu ngokwakha imigwaqo namabhuloho kusika eMthavuna eningizimu kuya oPhongolo enyakatho .
- Ucwangingo olwenziwe luveze ukuthi sidinga amabhuloho okuwela ngezinyawo angu-146, kodwa uMnyango wezeMfundo wengeze ayikhulu ngaphezulu. La mabhuloho adingeka ukuze asize izingane zethu zesikole ezihlale zibeka izimpilo zazo engozini ngokuwela imifula egcwele uma ziya esikoleni ngezikhathi zasehlobo.
- Lo mkhankaso usho ukuthi akukho noyedwa, noma umuntu noma inhlango ethile, ongasivimba ukuthi sibuyise isithunzi sothisha abaphoqeleka ukuthi bakhumule phambi kwezingane uma bewela imifula.

- Sengiphetha, ngithanda ukugcizelela ukuthi njengoMnyango wezokuThutha sithweswe umthethosisekelo ukuba siqinisekise ukuthi abantu bakithi bathola uhlelo lwezokuthutha oluphephile noluthembekile esifundazweni. Ngigcizelela ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Kumele siqinise imikhankaso yokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni noma kuphi lapho sihamba khona, sicacise ukuthi sakha imigwaqo yokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.
- Ngiyazi futhi ukuthi abanye abantu sebethi bakhathele oCele abakhuluma njalo. Ngenhlanhla kodwa angingedwa, nami ngingomunye nje wamanxusa amaningi ezokuphepha emgwaqeni esifundazweni nasezweni lethu lonke. Amanxusa ezokuphepha emgwaqeni akubona osaziwayo esisebenzisana nabo kuphela, okuhlanganisa abadlali bebhola noDJ abadumile. Amanxusa amakhulu ezokuphepha ngamalungu emindeni elahlekelwa abathandiweyo babo noma kudingeke banakekele abasuke sebekhubazekile.
- Sikholwa ngukuthi abantu baqonda kangcono uma umyalezo udluliswa ngabantu ababathandayo njengosaziwayo, abantu esithembela kubona njengomphakathi ngoba sibabona nakomabonakude.
- UMnyango wami usuwenze nevideo ekhombisa indlela abantu bakithi, omama nobaba bethu nodadewethu nabafowethu nezihlobo nabangani abashona ngayo emigwaqeni. Okungenani ningayibuka esithombeni nje nina, thina sikubona bukhoma lokho, hhayi kanye, kodwa ezikhathini eziningi.

- Nginxusa bonke abasebenzisa umgwaqo ukuthi bahloniphane, abahamba ngezinyawo bahloniphe abashayeli nabashayeli bahloniphe abahamba ngezinyawo. Ukufa koyedwa ngukufa kwabaningi. Ukufa noma ukulimala komuntu kuba yinhlekelele kulabo abathintekile, umndeni, umphakathi nesizwe sonke.
- UCedrick Mkhize, isihlabani se-rugby, ungomunye wezibonelo zokuthi zisiphuca kanjani ithalente izingozi zomgwaqo. Sekulahleke abaculi nabadlali bebhola abaziwayo emigwaqeni.
- NjengoNgqongqoshe wezokuThutha angikwazi ukuthula – kungumsebenzi wami ukuthi ngithi sekwanele! Uma ukufundisa ngokuphepha emgwaqeni kungaphumeleli kahle, kumele sifake isiswebhu.
- Maduze nje sizobaphuca ilungelo lokushayela labo abaqhubeka nokwephula imithetho yomgwaqo. Sizoyithatha ilayisensi yakho uma uqhubeka nokwephula umthetho ngaleyo ndlela sigweme ukuthi ugcine ubulale abantu emgwaqeni.
- Ngalawo mazwi ngithi masiqhubeke sikhuthaze ukuhlonipha izimpilo zabantu, singayithathi kancane indaba yezingozi zomgwaqo.

### **Ngiyabonga**